basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## NOVEMBA 2014

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba: 50 amamaki

   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: 2 x 25 = 50 amamaki

   QAPHELA: Abahlolwayo kumele baphendule imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

2. Kulindeleke ukuba uphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, kanye NEMIBILI esiqeshini B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka (isibonelo, olusabalazwe/olusamdwebo/iflowushadi/olwamaphuzu amqoka). Uhlaka kumele lube NGAPHAMBI kwendaba, ekhasini lwalo lodwa.

6. Fundisisa ubuye ulungise amaphutha omsebenzi wakho.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70

8. Bhala izinombolo zihambisane nezihloko njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

9. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ungakhohlwa ukubhala uhlaka.

1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Iqola Elashiya Umphakathi Ubambe Ongezansi. **[50]**

1.2 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo ezokhombisa ukuthi uyayiqonda incazelo yalesi saga.

Inkunzi Isematholeni. **[50]**

1.3 'Ukutshelwa ngudokotela ukuthi ngenxa yokugula sewusalelwe izinsuku ezimbalwa uphila, kungakushiya nokukhulu ukudideka engqodweni.'

Bhala indaba ezofakazela ubuqiniso balesi sitatimende esingenhla. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.4 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Ubuhle Nobubi Bokuvezwa Kwemiphumela Kamatikuletsheni Emaphephandabeni. **[50]**

1.5 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo ukhombise ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana naso.

Ukukhula Uhlupheka Akusho Ukuthi Ngeke Ube Utho Ngomuso. **[50]**


1.6 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.

1.6.1



[Sithathwe ku-Internet] **[50]**

1.6.2



[Sithathwe ku-Internet] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 **Incwadi yobungane**

Bhala incwadi eya kubabekazi wakho obewa evuka nawe. Mbonge ngokukukhulisa kanye nokukufundisa kwakhe njengoba sewufunda ibanga le-12. **[25]**

2.2 **Incwadi yephephandaba**

Bhalela uMhleli wephephandaba umbonge ngokukulekelela emkhankasweni wokuthungatha isihlobo sakho ebesesiduke iminyaka. **[25]**

2.3 **I-athikhili yephephabhuku**

UnguSihlalo wesigungu sabafundi esikoleni ofunda kuso.

Bhala i-athikhili yephephabhuku laleso sikole weluleke abafundi ngokubaluleka kokukhetha umkhakha ohambisana nekhono onalo esikhungweni semfundo ephakeme. **[25]**

2.4 **Inkulumo elungiselelwe**

Umngani wakho uzuze umfundaze wokuyofundela iziqu zobudokotela ezweni laseCuba. Abazali bakhe bahlele ukumenzela indumezulu yomcimbi wokumvalelisa ngaphambi kokuba ahambe.

Bhala inkulumo elungiselelwe ozoyethula kulo mcimbi. **[25]**

2.5 **I-inthavyu**

Uyintatheli yephephandaba 'Ziphuma Zishisa'.

Bhala i-inthavyu ekade iphakathi kwakho kanye nosaziwayo wangakini oyisibonelo esihle emphakathini. Le inthavyu mayibe mayelana nemfihlo yempumelelo yakhe. **[25]**

2.6 **Umbiko ongabekelwe mgomo**

Ubone abafundi enifunda nabo belwa ngesikhathi senhlabakhefu. Lokhu kususe isiphithiphithi esikhulu kwaphazamiseka nokufunda esikoleni.

Bhala umbiko ongabekelwe mgomo omayelana nalesi sigameko oya kuThishanhloko. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha